



**PARLIAMENT**  
OF THE REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

**YENZA**

**IZWI  
LAKHO**

**LIZWAKALE**

**Bonke abantu abanentshisekelo kanye nabathintekile, kungaba umuntu ngamunye ne/noma izinhlngano bayamenywa ukuthi babambe iqhaza emihlanganweni yokulalelwa kwezimvo zomphakathi mayelana nokubuyekezwa kwesigaba sa-25 soMthethosisekelo, ukwelekelela i-CRC.**

**I-CRC icela imibono yakho kule mibuzo elandelayo:**

- Ingabe iSigaba sa-25 soMthethosisekelo sithikameza ukuhlwithwa komhlaba ngaphandle kokunxeshelwa?
- Ingabe iluphi ushintsho ongathanda ukulubona ukuze isigaba sa-25 soMthethosisekelo sisebenze?

# INGABE YINI ISIGABA SA-25 SOMTMHETHOSISEKELO?


ISigaba sa-25 soMthethosisekelo ngokoMthethosisekelo saziwa njengesigatshana sempahla. Lesi sigatshana sihlinzeka izinyathelo ezimqoka okufanele zilandelwe uma uMbuso unquma ukuhlwitha umhlaba kubantu noma ezinkampanini ukuze kuzuze umphakathi. Indlela elandelwayo lapho uMbuso uhlwitha khona umhlaba ukuze kuzuze umphakathi yaziwa kakhulukazi njengokuhlwitha.

Ukuhlwithwa kwempahla ukuze kuzuze umphakathi kufaka phakathi kokunye, ukusebenzisa umhlaba ukwakha amapayipi amanzi, izindlu, imigwaqo, ukwenza izinguquko kwezomhlaba kanye nokufeza izinjongo zezolimo.

ISigaba sa-25 soMthethosisekelo futhi sihlinzekela ukuthi inzuzo yomphakathi ifake ukuzibophezela kwesizwe ezinguqukweni zezomhlaba kanye nokulethwa kokufinyelelwa ngokulinganayo kuwo wonke umnotho wemvelo weNingizimu Afrika.

ISishayamthetho Sikazwelonke kanye noMkhandlu Kazwelonke Wezifundazwe basanda kunquma ukugunyaza iKomidi Elihlangene elibhekele Ukubuyekezwa KoMthethosisekelo ("i-CRC"), ukuthi icabange ukubuyekeza kanye nesichibiyelo sesigaba sa-25 soMthethosisekelo esingahle senzeke, ukwenza kubelula ukuthi uMbuso uhlwithe impahla, kubalwa umhlaba ukuze kuzuze umphakathi ngaphandle kokunxeshezela.

# INGABE KUNGANI KUBUYEKEZWA ISIGABA SA-25 SOMTMHETHOSISEKELO?



Ngenxa yezenzo zokucwasa ngesikhathi sobandlululo, abantu abamnyama bemukwa umhlaba kulandelwa imithetho nezinqubomgomo eziningi ezehlukene, kubalwa phakathi kweminye uMthetho Womhlaba Wabomdabu we-1913, i-Native Land Act of 1913, ngokulandela uMthetho Womhlaba Wabomdabu we-1913, aBantu abamnyama eNingizimu Afrika babenqunyelwe ukuba nesibalo somhlaba esinga-13%. Ucwangingo

Iwamabhuku olumaqondana nomhlaba lwakamuva nje lubalula ukuthi abantu abaNyama abangama-Afrika banomhlaba ongowasemaphandleni ongaphansi kwa-2%, nongaphansi kwa-7% womhlaba osemadolobheni. Lokhu kusho ukuthi umthetho owashaywa ngemva kombuso wobandlululo awuphumelelanga ekubonakalelweni kokusatshalaliswa komhlaba nguHulumeni ngoba abamnyama basabuyiselwe kuphela umhlaba onga-8% kusukela ngowe-1994.

## **Qaphela imithetho yangaphambi kokuthi kubekhona inkululeko neyangemuva kwenkululeko**

**UMthethoWezomhlaba we-1913**

**(INqubomgomo) Yo-thanda UkuthengisaNothanda ukuthenga**

**UMthetho Wokuhlwi-tha yowe-1975**

**UMthetho Wamalungelo Okubuyiselwa Umhlaba we-1994**

**ISichibiyelo SoMthetho Wokwelulwa Kokuqikeleka Kokuqashwa we-1997**

## **INGABE UBANI ONOMSEBENZI WOKUBHEKANA NALESIBUYEKEZO?**

IPhalamende ligunyaze i-CRC njengokulawulwa iMithetho YeziNdlu Ezihlangene zePhalamende leNingizimu Afrika, iMithetho YeziNdlu Ezihlangene engunombolo ya-97-103 ukuthi ibambe imihlangano yokulalelwa izimvo zomphakathi mayelana neSigaba sa-25 soMthethosisekelo. Ngemuva kwalokho, iKomidi lizobukisisa yonke imibono yomphakathi, libonisane futhi lithathe isinqumo ngokuthi ingabe kuyadingeka yini ukuthi kuchitshiyelwe isigaba sa-25 soMthethosisekelo, ukuze likwazi ukuhlinzekela ukuhlwithwa kwempahla, kubalwa umhlaba ngaphandle kokunxeshezela.

## **INGABE ULIBAMBA KANJANI IQHAZA KULOKHU KUBUYEKEZWA?**

Bonke abantu abanentshisekelo kanye nabathintekile, kungaba umuntu ngamunye ne/noma izinhlangano bayamenywa ukuthi babambe iqhaza emihlanganweni yokulalelwa kwezimvo zomphakathi mayelana nokubuyekeza kwesigaba sa-25 soMthethosisekelo, ukwelekelela i-CRC. I-CRC icela imibono yakho kule mibuzo elandelayo:

- Ingabe iSigaba sa-25 soMthethosisekelo sithikameza ukuhlwithwa komhlaba ngaphandle kokunxeshezela?
- Ingabe iluphi ushintsho ongathanda ukulubona ukuze isigaba sa-25 soMthethosisekelo sisebenze?

# INGABE KWENZEKANI UMA SEKWENZIWE IZETHULO?

Uma sekwenziwe izethulo, i-CRC izolandela le ndlela kanye nezikhathi ezibekiwe:



## INGABE LOKHU KUBUYEKEZWA KUZOKUSIZA NGANI WENA?

- Umnikelo noma umbono wakho ungabanomthelela ezichitshiyelweni ezingahle zenziwe futhi ingafakwa embikweni iKomidi ezowendlalela iPhalamende.
- Ukulandela indlela okwakhiwa ngayo imithetho efuna ukuvumela uMbuso ukuthi uhlwithe umhlaba ngaphandle kwesinxephezelo.
- Uzokwazi ukuthi uMbuso, hhayi izakhamuzi, abantu ngabanye kanye nezinhlangano, unamandla okuhlwitha umhlaba ngaphandle kwesinxephezelo ukuze kuzuze umphakathi.
- Izinsuku zizobekwa ngokwezinhlelo zePhalamende.